|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi | |
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | umfana | impi | imvunulo | | |
| | gcina | amagxolo | umugqa | itsako | | |
| FUNDA | Umfana uphethe imbiza. Umfana ophethe imbiza ufake imvunulo. Imbiza ayiphethe inembobo. Imbobo yalembiza yadalwa usisi wakhe owayokha ngayo amanzi emfuleni. Wathi esayiphethe lembiza Yamane yawela phansi yaba nembobo efuna ukuvalwa. | | | | | |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Ubaba ugcina amabhuku asemsebenzini wakhe. Ubaba udweba umugqa njalo uma eqeda ukubhala emabhukwini asemsebenzi wakhe. Imigqa yakhe uyidweba ngerula elide. Usebenzisa lelirula ukuze imigqa yakhe iqonde nqo. Umfana ucele ubaba wakhe ukuthi ahambe naye emsebenzini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: imbiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: gcina |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |
| PHIMISA UMSINDO | ncwasa | ndwaza | ingwazi | inkwelo | |
| | injwayelo | inqwaba | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Ubhuti undwazile. Ubheke endaweni eyodwa. Uphazanyiswe umuntu obeshaya ikhwelo eduze kwakhe. Ubhuti undwaze kanjena ngoba ubuka inqwaba yezimoto ezidlulayo futhi ubheke isivinini ezihamba ngaso. Kuze kwasiza yena lomuntu oshaye ikhwela phambi kwakhe. |
| | **BHALA** | 1. Ubhuti wenzani?<br>**Ubhuti u_______.**<br>2. Ubheke kuphi ubhuti?<br>**Ubhuti ubheke e_________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: ingwazi<br>Bhala **umbuzo** ngo: inkwelo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | imbila | imfe | impophom | imvana |
| | | gcaba | gxambukel | gqiqqa | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Imbila isilwane esingenawo umsila. Kuthiwa yawuswela ngokuyalezela ngoba ayiwulandanga umsila wayo ngenkathi benikezwa yona. Amanzi aphuma empophomeni awave emnandi, futhi imvana iyathanda ukuwaphuza. Uzoyithola igqiqqa eduze nomfula ukuze izothola lawamanzi. |
| | **BHALA** | 1. Imbila yisilwane esinjani?<br>**Imbila isilwane e_____.**<br>2. Yawuswela kanjani umsila?<br>**Yawuswela ngoku _______.** |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: imbila<br>Bhala **umbuzo** ngo: gqigqa |

| ULWESINE UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |
| | PHIMISA UMSINDO | incwanc | udwendw | eNgwelez | inkwali | |
| | | ingwe | isinkwa | | | |



Umama ubilisa incwancwa. Uzokwenza iphalishi lencwancwa kusasa. Udwendwe luzohamba luphethe lelophalishi ukuya emzini. Ngenkathi udwendwe luhamba luhlangene nezinkwali. Izinkwali lezo zaphazamisa udwendwe kwawa imbiza eyayinencwancwa okumele iye emzini. Bafika bengasayiphethe.

| ULWESINE UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | BHALA | 1. Umama ubilisani?<br>**Umama ubilise i__________.**<br>2. Uzokwenzani ngencwancwa?<br>**Uzokwenza i________.**<br>3. Lizohamba nobani lelophalishi?<br>**Lizohamba no _______.**<br>4. Luhlangene nani udwendwe?<br>**Udwendwe luhlangane ne_______.**<br>5. Luyaphi udwendwe?<br>**Udwendwe luya e_______.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | FUNDA | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | FUNDA | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | FUNDA | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | BHALA | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama ubilisa incwancwa<br>2. kungabe incwancwa imuncu na<br>3. udwendwe lubone inkwali |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | xwaya | xweba | xwayisa | isexwayis |
| | izwe | uzwelo | imizwa | isizwe |

**FUNDA**

Ubaba xwayisa usisi. Ubaba uxwayisa usisi ngobuso bakhe obuxwebile. Ubuso obuxwebile abubukeki kanti benza sengathi awugezile. Ngiyabaxwaya abantu engingabazi nalabo engingabajwayele ngoba bangakuqola. Umasipala ukhiphe isixwayiso ngogesi ozohamba nsuku zonke.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Umama unozwelo. umama uyabazwela abanye abantu. Umama uveza imizwa yakhe uma ejabule, edangele noma ediniwe. Izwe lethu lisenabantu abangenalo uzwelo, abasakwazi ukucwasana ngokombala nangokwenkolo. Isizwe sethu singafunda lukhulu kwezinye izizwe ezibumbene.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: xweba
Bhala **umbuzo** ngo: uzwelo

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | imbila | imbobo | uhambo |
| | hamba | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Usisi ubona imbiza. Usisi ubona imbiza enembobo. Uhambe waya esizibeni ngaleyongembiza enembobo, engaboni ukuthi iyavuza. Kuthe ekha amanzi wayema ebona ukuthi lembiza inembobo. Uma engakha amanzi ngalembiza angafika ekhaya esephelile, imbiza ingasenalutho. |
| | **BHALA** | 1. Ubonani usisi?<br>**Usisi ubona** ______.<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine** ______. |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: imbila<br>Bhala **umbuzo** ngo: imbobo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |
| | **PHIMISA UMSINDO** | imfaduko | imfe | umfula | imfene | |
| | | umfana | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umama unemfaduko. Imfaduko yakhe uyinike umfana. Umfana usula itafula ngemfaduko. Ubaba ubone imfene. Ubaba ubone imfene eyosika imfe emfuleni. Lomfula abasika kuwona imfe unamanzi abanda kakhulu. Umfana uyathanda ukubhukuda kuwona. |
| | **BHALA** | 1. Unani umama?<br>**Umama u**________.<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i**________. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: imfene<br>Bhala **umbuzo** ngo: umfula |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | imbiza | imbila | imbobo | uhambo |
| | | imfaduko | imfe | umfula | imfene |

**FUNDA**



Umama usula imbiza ngemfaduko. Imbiza inembobo. Ivele imbobo ngoba yawa emfuleni ngelinye ilanga. Imbila nemfene ziyahamba. zihamba eduze nomfula onezimfe. Ziphinde zibhukude ziphuze amanzi kulomfula uma ilanga lishisa kakhulu.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani osula imbiza?<br>_________ **usula imbiza.**<br>2. Uyisula ngani imbiza?<br>**Usula imbiza nge _________.**<br>3. Imbobo yembiza idalwe yini?<br>**Imbobo yembiza idalwe u_______.**<br>4. Yizini ezihambayo?<br>**Yi_____ ne _________ ezihambayo.**<br>5. Zihamba eduze nani?<br>**Zihamba eduze ne _______.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama usula imbiza ngemfaduko<br>2. imbiza inembobo<br>3. imfene ihamba nembila |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 4 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bese | entsha | nge | phezu | zawo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | imbila | imbobo | uhambo |
| | imfaduko | imfe | umfula | imfene |

**FUNDA**

Izimbiza zesintu ziyadayiswa. Izimbiza zidayiswa emakethe. Abantu abazidayisayo bazidweba ngemibala emihle. Izimbiza sikha ngazo amanzi emfuleni. Uma sezigugile zivame ukuphuka noma zibe nezimbobo ngoba zakhiwe ngobumba. Ngizithanda kakhulu izimbiza zesintu.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Izimfene zihamba eduze nomfula. Zihamba zifunana nemfe. Izimfene ziyayithanda imfe. Imfe imile eduze nomfula. Izimfene ziyawuthanda ubhanana. Izingane ziziphonsela wona uma zihlangana nazo epaki noma zisesiqiwini sezilwane. Nami ngiyayithanda imfe nobhanana.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: umfula
Bhala **umbuzo** ngo: ngempela

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bese | entsha | ngempel | phezu | zawo |
| PHIMISA UMSINDO | impilo | impempe | impuphu | impi | |

<table>
<tr><td></td><td></td><td>impophom</td><td></td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Impilo ibalulekile. Impilo kufanele uyinakekele. Izimpi ziziqeda izimpilo zabantu uma kuliwa. Impempe yami beyidukile. Impempe yami ngiyishaya uma ngibona into eyingozi. Ubaba uyibone ebhakedeni elinempuphu. Ngajabula kakhulu uma ubaba eyithola.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Impilo kufanele uyenzeni?<br>Impilo kufanele u______.<br>2. Itholwe kuphi impempe yakhe<br>Impempe yakhe itholakele e______.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala umusho ngo: impi<br>Bhala umbuzo ngo: impophoma</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td colspan="4">bese | entsha | ngempela | phezu | zawo</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td>imvu</td><td>imvula</td><td>imvana</td><td>uvemvane</td></tr>
<tr><td></td><td></td><td>imvunulo</td><td></td><td></td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Sibona imvu. Imvu isaba imvula. Imvu ihamba nemvana yayo. Uvemvane luhamba phezu kwemvu. Ubaba ususa izimvemvana ezihamba phezu kwezimvu. Izimvu azithandi ukuthi izimvemvane zilokhu zihamba phezu kwazo ngoba zizibangela isidina.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Sibona ini?<br>Sibona i______.<br>2. Isabani imvu?</td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| | | Imvu isaba i________. |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: uvemvane<br>Bhala **umbuzo** ngo: imvana |

| ULWESINE UMSEBENZI 1 | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | bese | entsha | ngempela | phezu | zawo |
| | PHIMISA UMSINDO | impilo | impempe | impuphu | impi | |
| | | imvu | imvula | imvana | uvemva | |



Ngibona impempe. Ngibona impempe ebhakedeni lempuphu. impempe yami ibomvu. Imvula ina kakhulu eGoli.

Imvu nemvana yayo zihamba eduze nomfula.
Uvemvana lunemibala emihle, nalo lundiza ngasemfuleni.
Izimvemvana ziyathanda ukundiza ehlobo uma libalele.

| ULWESINE UMSEBENZI 2 | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | 1. Ngiyibona kuphi impempe?<br>**Impempe ngiyibona e________.** |

| | | |
|---|---|---|
| | | 2. Imvula ina kakhulu kuphi?<br>**Imvula ina kakhulu e________.** |

| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. Imvula ina kakhulu egoli.<br>2. Uvemvane lunemibala emihle.<br>3. Unompempe unempempe ebomvu. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | angive | ngolunye | kwangath | ngabe | kwasho |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | impilo | impempe | impuphu | impi |
| | | imvu | imvula | imvana | uvemvane |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Kukhona abantu abaphila ngokudayisa <u>impuphu</u> futhi <u>izimpilo</u> zabo ziyathuthuka kakhulu. <u>Impuphu</u> ibalulekile ebantwini abaningi, ngoba iyona okuphilwa ngayo kakhulu. Ipapa <u>lempuphu</u> linika <u>impilo</u> nomfutho. Ngipheka ipapa nephalishi <u>lempuphu</u> zonke izinsuku. |
| | BHALA | Bhala (buka) bese (phimisa) amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1 |
| | FUNDA | <u>Imvu</u> kanye <u>nemvana</u> yayo zihamba <u>emvuleni.</u> Sezize zabamanzi te. <u>Izimvemvane</u> nazo zilinde ukuthi <u>imvula</u> iphele khona zizondiza kahle. <u>Imvula</u> ina njalo ehlobo kanti iphazamisa ezinye izilwane ezingayithandi <u>imvula.</u> Siyayithanda <u>imvula.</u> |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: impuphu<br>Bhala **umbuzo** ngo: ngabe |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | angive | ngolunye | kwangathi | ngabe | kwa |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | gcina | gcoba | gcaba | gcagca |
| | | isigcawu | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Umfana ugcina ikamelo licocekile. Umama ucele umfana ukuthi asuse upende awugcobe efasiteleni. Esikoleni sibone isigcawu. Isigcawu siluma kabuhlungu. Usisi uyagcagca ngoLwesihlanu. Emuva komshado bazomgcaba bamgcobe ngenyongo ezinyaweni. Umgcagco wakhe uzobamuhle kakhulu. |
| | **BHALA** | 1. Ubani ogcina ikamelo licocekile?<br>**U______ ogcina ikamelo lihlanzekile.**<br>2. Esikoleni siboneni?<br>**Esikoleni sibone i_____.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: gcagca<br>Bhala **umbuzo** ngo: isigcawu |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | angive | ngolunye | kwangathi | ngabe | kwash |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | isigxobo | gxoba | gxila | amagxolo |
| | | gxambukela | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Isigxobo sikagesi side kakhulu. Amagxolo aluhlaza anamathele kulesisigxobo sikagesi. Umalume ugxoba amagxolo, awasuse kulesisigxobo sikagesi. uSipho ugxambukela ezindabeni zabantu ezingahlangene naye. Kumele ayeke ukugxambukela ezindabeni, kubi. Kufanele sigxile ekulungiseni izinto zethu. |
| | **BHALA** | 1. Isigxobo sani eside?<br>**Isigxobo _____ eside.** |

| | | |
|---|---|---|
| | | 2. Yini enamathele kulesisigxobo sikagesi?<br>_______ anamathele kulesisigxobo sikagesi. |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: gcina<br>Bhala **umbuzo** ngo: isigxobo |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | angive | ngolunye | kwangathi | ngabe | kwash |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | gcina | gcoba | gcaba | gcagc |
| | | isigxobo | gxoba | gxila | amagx |

**FUNDA**



uChuck kufanele azigcine futhi amukele lokho ayikho. uChuck akumele agxile ekuthini ezinye izithuthi zinani. Kumele agxile emsebenzini akwazi ukuwenza. uChuck uyakwazi ukuthutha amagxolo nezigxobo. Naye umsebenzi wakhe ubalulekile. Kufanele awuthande.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Kungabe lendaba imayelana nani?<br>**Lendaba imayelana no________.**<br>2. Kungabe uChuck ufisa ukuba yini?<br>**UChuck ufisa ukuba _______.**<br>3. Yini eyenza ukuthi agxile kwezinye izithuthi?<br>**Yingoba ________.**<br>4. Yimuphi umsebenzi uChuck akwaziyo ukuwenza?<br>**Umsebenzi akwazi ukuwenza uku_______.**<br>5. Kungabe uChuck ubalulekile? _________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. akufanele uchuck afise ukuba esinye isithuthi<br>2. uChuck uthutha izigxobo amagxolo izinto ezinye ezisindayo<br>3. umsebenzi wakhe ubalulekile |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 6 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | kodwa | kwangathi | sakhe | kulow | akukho | |
| | PHIMISA IMISINDO | gcina | gcoba | gcaba | gcagca | | |
| | | isigxobo | gxoba | gxila | amagxolo | | |
| | FUNDA | Izolo ngigcine ngigcoba uvaselina ngoba ngingaboni ukhilimu wami. Ukhilimu wami wenziwe ngamagxolo abawagxobile. Lamagxolo akhiwa umalume wami bese eyawagxoba enze imithi nokhilimu. Enza isikhumba sithambe, sibemsulwa, sibebushelelezi futhi sibe sihle. | | | | | |
| | BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi I |
| | FUNDA | Izigxobo zikagesi ziba namagxolo uma kunomoya nemvula. Lamagxolo umalume uyawathatha awagxobe enze imithi yesintu. Uphinde athathe lamagxolo enze izinto ezifana nokhilimu kanye nezinongo zokupheka. Umalume ugxila kakhulu ekwenzeni ibhizinisi ngalamagxolo futhi amenzela imali. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: gcina<br>Bhala **umbuzo** ngo: sakhe |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kodwa | kwangathi | sakhe | kulowo | akukho |
| PHIMISA IMISINDO | gqiba | isigqiki | umugqa | isigqi | |
| | gqigqa | | | | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ubaba ugqiba umgodi ehleli esigqikini sakhe esincane. Isigqiki sakhe usidwebe umugqa obomvu ukuze singamdukeli. Uyasithanda isigqiki sakhe ubaba. Kungabe ubaba wakho unaso isigqiki? Mina ubaba wami unaso esakhiwe ngesigxobo sakudala. |
| BHALA | 1. Ugqibani ubaba?<br>**Ubaba ugqiba i______.**<br>2. Usidwebeni isigqiki sakhe?<br>**Isigqiki sakhe usidwebe u________.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| READ | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| WRITE | Bhala **umusho** ngo: gqiba<br>Bhala **umbuzo** ngo: umugqa |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | kodwa | kwangathi | sakhe | kulowo | akukho |
| PHIMISA IMISINDO | itsako | utsotsi | isitswebhu | tswininiza | |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Usisi wami unetsako emazinyweni akhe amabili angaphambili. Itsako lakhe limenza akwazi ukushaya ikhwela ngathi umuntu otswininizayo. Otsotsi bayathanda ukubizana ngamakhwela. Izingane ziyatswininiza, zibanga umsindo onesicefe |

| | | |
|---|---|---|
| | | otswininizayo. Omiyane nabo bathanda ukutswininiza ebusuku. |
| | **BHALA** | 1. Ubani onetsako emazinyweni akhe?<br>**U______ unetsako emazinyweni ache.**<br>2. Otsotsi bathanda ukwenzani?<br>**Utsotsi bathanda u________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: tswininiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: akukho |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | kodwa | kwangathi | sakhe | kulowo | akukho |
| | **PHIMISA UMSINDO** | gqiba | isigqiki | umugqa | isigqi | |
| | | itsako | utsotsi | isitswebhu | tswininiza | |
| | **FUNDA** | | | | | |



UHaile ungumgijimi odumile. Uma eme <u>emugqeni</u> esezoqala ukugijima usuke ephokophelele ukuphumelela. Uma egijima izigqi zakhe ziyazwakala. Kudala abantu babelolongwa ngokugijinyiswa <u>ngesitswebhu</u> ukuze bakwazi ukugima, kodwa uHaile yena wayezilolonga ngokuthi agijime njalo uma eya esikoleni. Uma uzogijima kumncintiswano, kumele ume <u>emugqeni</u> ngaphambi kokuthi uqale.

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Kungabe lendaba imayelana nani?<br>**Lendaba imayelana no_______.**<br>2. Ubani igama lomgijimi okukhulunywa ngaye?<br>**Kukhulunywa ngo_______.**<br>3. Babelolongwa kanjani abantu bakudala?<br>**Babelolongwa nge ________.**<br>4. Kungabe wena uyathanda ukugijima?_________.<br>5. Kufanele umephi uma uzoqala ukugijima?<br>**Kufanele ume _______.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uHaile umgijimi odumile<br>2. ugijima ngesivinini esikhulu<br>3. uma uhaile egijima uzwa izigqi zakhe |

| ULIMI LWASEKHAYA- ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 7 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bona | ngedwa | abo | eside | kanye |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | gqiba | isigqiki | umugqa | isigqi |
| | itsako | utsotsi | isitswebhu | tswininiza |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ekhaya kunesigqiki esifushane sikababa. Isigqiki sakhe sakhiwe ngepulangwe. Isigqiki siyisihlalo esincane ababesisebenzisa uma besenga izinkomo noma behleli egunjini lokudlela. Umalume unesitswebhu. Isitswebhu sakhe sakhiwe ngesikhumba senkomo. Usisebenzisa uma elusa izinkomo zakhe. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Izingane zidweba imigqa ezincwadini zabo. Ezinye ziyadlala ezinye ziyatswininiza kodwa uthisha uthe mazidwebe imigqa ezincwadini zabo. Uthisha uthe mazidwebe imigqa eqondile, bangadwebi imgigqa egwegwile. Uthisha uthe basebenzise irula uma bedweba lemigqa eqondile. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: gqiba<br>Bhala **umbuzo** ngo: isitswebhu |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bona | ngedwa | abo | eside | kanye |

| | | |
|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incwadi · incwancwa · incwasimen · uNcwaba · ncwasa |
| | **FUNDA** | Incwasimende yangakithi iyathanda ukufunda izincwadi zomlando. Ilanda izincwadi zayo emtapweni wezincwadi oseduze nalapho ihlala khona. Kufanele abantu bafunde izincwadi ukuze bezoba nolwazi olujulile lwezinto ezenzekayo empilweni. Ukufunda izincwadi kubalulekile kakhulu. |
| | **BHALA** | 1. Incwasimende ithanda ukwenzani?<br>**Incwasimende ithanda uku______.**<br>2. Abantu kufanele benzene?<br>**Abantu kufanele ba______.** |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incwancwa<br>Bhala **umbuzo** ngo: uNcwaba |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | bona · ngedwa · abo · eside · kanye |
| | **PHIMISA UMSINDO** | indwang · indweba · izindwani · udwend · ndwaza |
| | **FUNDA** | Umama uthenge indwangu. Uzothunga izingubo zodwendwe ngalendwangu ayithengile. Udwendwe oluzogqoka lezizingubo luzodlula ngasemfuleni, kanti kuthiwe lomfula ezizodlula kuwona ugcwele udla izindwani. Umama ubecabanga ukuthi bangahamba ngemoto kodwa lokho akuvumelekile neze. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Uthengeni umama?<br>**Umama uthenge i_______.**<br>2. Luzodlula kuphi udwendwe?<br>**Udwendwe luzodlula e_________.** |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: ndwangu<br>Bhala **umbuzo** ngo: eside |
| **ULWESINE UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | bona · ngedwa · abo · eside · kanye |
| | **PHIMISA UMSINDO** | incwadi · incwancwa · incwasimeni · uNcwaba<br>indwangu · indweba · izindwani · udwendwe |
| | **FUNDA** | <br>UJane noMandu babegibele amabhayisikili abo ngo<u>Ncwaba</u>. uJane wayefake ingubo eyenziwe <u>ngendwangu</u> enombala obomvu. Kufanele ukuthi uma uhamba uzijwayeze ukuthi ube <u>nendweba nencwadi</u> enezinombolo zabazali ukuze uzokwazi ukuthi uyishaye uma unenkinga noma uzokwazi ukushayela abazali bakho ucingo. |

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Kungabe lendaba imayelana nani?<br>**Lendaba imayelana no__________.**<br>2. Obani amagama amantombazane akulendaba?<br>**Amagama abo ngo _______ no ________.**<br>3. Ayegibeleni lamantombazane?<br>**Amantombazana ayegibele _______**<br>4. Kufanele amantombazane ahlale enani?<br>**Kufanele bahlale bene _____ ne______.**<br>5. Kungabe wena unazo lezozinto?__________. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. uJane no mandu bagibele amabhayisikili<br>2. mina nginendweba incwadi yezinombo umakhala ekhukhwini<br>3. ingubo kajane ithungwe ngendwangu ebomvu |

| ULIMI LWASEKHAYA- ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 8 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | zonke | ukuze | phakathi | noma | cha |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | incwadi | incwancwa | incwasimende | uNcwaba |
| | indwangu | indweba | izindwani | udwendwe |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Izincwadi zami zithathwe incwasimende. Incwasimende izithathe ngoNcwaba, yathi izozibuyisa ngenyanga elandelayo. Ngenkathi ifika ekhaya umama wayepheke iphalishi lencwancwa. Incwasimende iyalithanda leliphalishi, kanti umama ulipheka njalo uma azi ukuthi izofika ekhaya. |
| **BHALA** | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| **FUNDA** | Uthisha wami uphatha indweba ekilasini. Njalo uma sibanga umsindo ushaya indweba yakhe. Uthisha wethu uphinde asebenzise indweba yakhe uma efuna sibheke kuyena noma kuzodlalwa ibhola lezinyawo kanye neminye imidlalo edlalwa esikoleni sethu. |
| **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: incwadi<br>Bhala **umbuzo** ngo: ndwaza |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | zonke | ukuze | phakathi | noma | cha |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | ingwenya | eNgwelezane | ingwe | ingwazi |
| | ingwadla | | | |

<table>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ingwe eyeqe esiqiwini sezilwane itholakele eNgwelezane. Lengwe ibonakale ihamba eduze nesikole sakhona. Abantu abaningi abawazi umehluko phakathi kwengwe nengwenya. Ingwenya yona ihlala emanzini kanti iyingozi. Izingwenya ziyathanda ukuthamela ilanga uma ziphuma emanzini.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Yeqe kuphi ingwe?<br>Ingwe yeqe e__________.<br>2. Ihlala kuphi ingwenya?<br>Ingwenya ihlala e__________.</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: ingwazi<br>Bhala umbuzo ngo: ingwadla</td></tr>
<tr><td colspan="7">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td></td><td>BUKA USHO</td><td>zonk</td><td>ukuze</td><td>phakathi</td><td>noma</td><td>cha</td></tr>
<tr><td></td><td>PHIMISA UMSINDO</td><td>isinkwa<br>eNkwezel</td><td>inkwali</td><td>inkwantsh</td><td colspan="2">inkwelo</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ubaba ungithume ukuthi ngiyothenga isinkwa esitolo. Ngithe ngisaya esitolo ngaphathwa inkwantshu, ngabuya ukuyothenga isinkwa emva kwesikhathi. Uma ngifika ekhaya ngithole ubaba ediniwe, ngoba ngihambe isikhathi eside. Ngifike ngazenzenzela isamishi lesinkwa esinoshizi.</td></tr>
</table>

<table>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">1. Sithengwe kuphi isinkwa?<br>Sithengwe e______.<br>2. Ufike wazenzelani?<br>Ufike wazenzela i______.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4">Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td></td><td>BHALA</td><td colspan="4">Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala umusho ngo: eNkwezela<br>Bhala umbuzo ngo: inkwantshu</td></tr>
<tr><td rowspan="2"></td><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>ingwenya</td><td>eNgwelezane</td><td>ingwe</td><td>ingwazi</td></tr>
<tr><td>isinkwa</td><td>inkwali</td><td>inkwants</td><td>inkwelo</td></tr>
<tr><td></td><td>FUNDA</td><td colspan="4"><br>Izingane zaseTsomo zidlala umacashelana esigangeni azazi ukuthi lazidlalela khona kungenzeka kube <u>nezingwenya</u> emfuleni wakhona. Izingane zidlale isikhathi eside, zazezalamba. UNtsikelelo wayephethe <u>isinkwa</u> wayesebanika ukuthi badle bonke. Babuye baqala phansi badlala kanti uLumka uzophathwa <u>inkwantshu.</u></td></tr>
</table>

| | | |
|---|---|---|
| **ULWESINE UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Zihlala kuphi lezizingane?<br>**Izingane zihlala e______.**<br>2. Zazidlala muphi umdlalo izingane?<br>**Izingane zazidlala __________.**<br>3. Zazidlalela kuphi izingane?<br>**Izingane zazidlala _______.**<br>4. Ubani owayephethe isinkwa?<br>**U_______ owayephethe isinkwa.**<br>5. Wena ungawudlala kuphi umacashelana?<br>**Ngingawudlala e________.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. izingane zidlala umacashelana<br>2. kungabe untsikelelo ubephethe isinkwa<br>3. ingwenya ihlala emnzini |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 9 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | uma | Khona-ke | lapho | konke | lapha |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ingweny | eNgwelezane | ing | ingwazi |
| | isinkwa | inkwali | inkwa | inkwelo |

**FUNDA**

Ingwenya ihlala emanzini. Ihlala nezingwenya ezincane nezinye ezindala. Ingane ibe nenkwantshu isathi igijimela esitolo ukuyothenga isinkwa. Idlule eduze komfula onezingwenya, yazama ukugijima kakhulu, yaze yabanenkwantshu ebuhlungu. Emuva kwalokho yahlala phansi yaphumula kancane.

**BHALA**

Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho.

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

**FUNDA**

Funda bese amagama avela kumsebenzi I

**FUNDA**

Isinkwa sasesitolo sangakithi simnandi kanti sithambile. Lesisinkwa senziwe ngempuphu ekhethekile yokubhaka. Ingane yakithi encane iyasithanda lesisinkwa. Inkwali yinyoni enesisila eside. Lenyoni itholakala kakhulu ezindaweni ezingamahlathi. Inkwali inyoni ezenzela yonke into, ayifuni sizo kumuntu.

**BHALA**

Bhala **umusho** ngo: ingwenya
Bhala **umbuzo** ngo: uma

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | uma | Khona-ke | lapho | konke | lapha |
| PHIMISA UMSINDO | injwayelo | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Abantu sebekwenze kwaba injwayelo ukwephula umthetho. Lomkhuba wabo awulungile kanti wenza nezingane ezincane zibe nalenjwayelo engafanele. Injwayelo yokwenza izinto ezingafanele ibanga ukuthi kungabikhona ukuthobelana nokubekezelana. Abaziyo bathi injwayelo yehlula umqondo. |
| | **BHALA** | 1. Yini esayaba injwayelo kubantu?<br>**U__________ sekwaba injwayelo kubantu.**<br>2. Injwayelo ibanga ini?<br>**Injwayelo ibanga________.** |
| **ULWESIBILI UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda i (buka) kanye (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | Bhala **umusho** ngo: injwayelo<br>Bhala **umbuzo** ngo: |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 1** | | |
| | **BUKA USHO** | uma \| Khona-ke \| lapho \| konke \| lapha |
| | **PHIMISA UMSINDO** | inqwelo \| inqwaba |
| | **FUNDA** | Inqwelo kababa inamasondo amakhulu, ihamba lapho kukhona inqwaba yeqhwa. inqwelo kababa ayisakwazi nokuhamba, ngenxa yalenqwaba yeqhwa elapha kulendawo. Kufanele abantu bahambe ngokucophelela kulenqwaba yeqhwa, ngoba izinqola ziyashelela. Ngiyayithanda inqwelo kababa. |
| | **BHALA** | 1. Inqwelo kababa inani?<br>**Inqwelo kababa i_____.**<br>2. Uma kunenqwaba yeqhwa imoto yenzenjani?<br>**Uma kunenqwaba yeqhwa imoto a________.** |
| **ULWESITHATHU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda a (buka) bese (phimisa) amagama avela kumsebenzi 1. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: inqwelo<br>Bhala **umbuzo** ngo: inqwaba |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | uma | Khona-ke | lapho | konke | lapha |
| | **PHIMISA UMSINDO** | injwayelo | inqwelo | inqwaba | | |

**FUNDA**



Injwayelo yabantu yokwenza noma yini abayithandayo abave beyinqaba ngoba abakwazi ukuzwela abanye abantu. uBusi no Marie bona bagibela amabhayisikili beqaphele izinqwelo emgwaqweni ezingawulandeli umthetho womgwaqo. Inqwaba yabashayeli ayilandeli imithetho nemigomo ebekiwe.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| | **BHALA** | 1. Abantu abenza noma yini banjani?<br>**Abantu abenza noma yini _______.**<br>2. Obani ababegibele amabhayisikili abo?<br>**U _______ no _______ ababegibele amabhayisikili abo.**<br>3. Yizini lezi okuthiwa aziwulandeli umthetho womgwaqo?<br>**I _______ azingawulandeli umthetho womgwaqo.** |

| ULWESIHLANU UMSEBENZI 1 | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi I wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. izinqola aziwulandeli umthetho womgwaqo<br>2. amabhayisikili kaBusi no Marie mahle<br>3. kungabe kuhle ukungawugcini umthetho womgwaqo? |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 10 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | umfana | impi | imvunulo |
| | gcina | amagxolo | umugqa | itsako |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Umfana uphethe imbiza. Umfana ophethe imbiza ufake imvunulo. Imbiza ayiphethe inembobo. Imbobo yalembiza yadalwa usisi wakhe owayokha ngayo amanzi emfuleni. Wathi esayiphethe lembiza Yamane yawela phansi yaba nembobo efuna ukuvalwa. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1 |
| FUNDA | Ubaba ugcina amabhuku asemsebenzini wakhe. Ubaba udweba umugqa njalo uma eqeda ukubhala emabhukwini asemsebenzi wakhe. Imigqa yakhe uyidweba ngerula elide. Usebenzisa lelirula ukuze imigqa yakhe iqonde nqo. Umfana ucele ubaba wakhe ukuthi ahambe naye emsebenzini. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: imbiza<br>Bhala **umbuzo** ngo: gcina |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | ncwasa | ndwaza | ingwazi | inkwelo |
| | injwayelo | inqwaba | | |

<table>
<tr><td>FUNDA</td><td colspan="5">Ubhuti undwazile. Ubheke endaweni eyodwa. Uphazanyiswe umuntu obeshaya ikhwelo eduze kwakhe. Ubhuti undwaze kanjena ngoba ubuka ingwaba yezimoto ezidlulayo futhi ubheke isivinini ezihamba ngaso. Kuze kwasiza yena lomuntu oshaye ikhwela phambi kwakhe.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Ubhuti wenzani?<br>Ubhuti u______.<br>2. Ubheke kuphi ubhuti?<br>Ubhuti ubheke e________.</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESIBILI UMSEBENZI 2</td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td colspan="5">Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td colspan="5">Bhala umusho ngo: ingwazi<br>Bhala umbuzo ngo: inkwelo</td></tr>
<tr><td colspan="6">ULWESITHATHU UMSEBENZI 1</td></tr>
<tr><td>BUKA USHO</td><td>wabo</td><td>futhi</td><td>wakhe</td><td>ukuba</td><td>muphi</td></tr>
<tr><td rowspan="2">PHIMISA UMSINDO</td><td>imbila</td><td>imfe</td><td>impophom</td><td colspan="2">imvana</td></tr>
<tr><td>gcaba</td><td>gxambukel</td><td>gqigqa</td><td colspan="2"></td></tr>
<tr><td>FUNDA</td><td colspan="5">Imbila isilwane esingenawo umsila. Kuthiwa yawuswela ngokuyalezela ngoba ayiwulandanga umsila wayo ngenkathi benikezwa yona. Amanzi aphuma empophomeni awave emnandi, futhi imvana iyathanda ukuwaphuza. Uzoyithola iqqiqqa eduze nomfula ukuze izothola lawamanzi.</td></tr>
<tr><td>BHALA</td><td colspan="5">1. Imbila yisilwane esinjani?<br>Imbila isilwane e_____.<br>2. Yawuswela kanjani umsila?<br>Yawuswela ngoku _______.</td></tr>
</table>

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: imbila<br>Bhala **umbuzo** ngo: gqigqa |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | wabo | futhi | wakhe | ukuba | muphi |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | incwanc | udwendw | eNgwelez | inkwali |
| | | ingwe | isinkwa | | |

**FUNDA**



Umama ubilisa incwancwa. Uzokwenza iphalishi lencwancwa kusasa. Udwendwe luzohamba luphethe lelophalishi ukuya emzini. Ngenkathi udwendwe luhamba luhlangene nezinkwali. Izinkwali lezo zaphazamisa udwendwe kwawa imbiza eyayinencwancwa okumele iye emzini. Bafika bengasayiphethe.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Umama ubilisani?<br>**Umama ubilise i__________.**<br>2. Uzokwenzani ngencwancwa?<br>**Uzokwenza i________.**<br>3. Lizohamba nobani lelophalishi?<br>**Lizohamba no _______.**<br>4. Luhlangene nani udwendwe?<br>**Udwendwe luhlangane ne_______.**<br>5. Luyaphi udwendwe?<br>**Udwendwe luya e_______.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama ubilisa incwancwa<br>2. kungabe incwancwa imuncu na<br>3. udwendwe lubone inkwali |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 3 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | xwaya | xweba | xwayisa | isexwayis |
| | izwe | uzwelo | imizwa | isizwe |

| | |
|---|---|
| FUNDA | Ubaba xwayisa usisi. Ubaba uxwayisa usisi ngobuso bakhe obuxwebile. Ubuso obuxwebile abubukeki kanti benza sengathi awugezile. Ngiyabaxwaya abantu engingabazi nalabo engingabajwayele ngoba bangakuqola. Umasipala ukhiphe isixwayiso ngogesi ozohamba nsuku zonke. |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Umama unozwelo. umama uyabazwela abanye abantu. Umama uveza imizwa yakhe uma ejabule, edangele noma ediniwe. Izwe lethu lisenabantu abangenalo uzwelo, abasakwazi ukucwasana ngokombala nangokwenkolo. Isizwe sethu singafunda lukhulu kwezinye izizwe ezibumbene. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: xweba<br>Bhala **umbuzo** ngo: uzwelo |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | imbila | imbobo | uhambo |
| | hamba | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Usisi ubona imbiza. Usisi ubona imbiza enembobo. Uhambe waya esizibeni ngaleyongembiza enembobo, engaboni ukuthi iyavuza. Kuthe ekha amanzi wayema ebona ukuthi lembiza inembobo. Uma engakha amanzi ngalembiza angafika ekhaya esephelile, imbiza ingasenalutho. |
| | BHALA | 1. Ubonani usisi?<br>**Usisi ubona ______.**<br>2. Inani imbiza?<br>**Imbiza ine ______.** |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda i  kanye  amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: imbila<br>Bhala **umbuzo** ngo: imbobo |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | PHIMISA UMSINDO | imfaduko | imfe | umfula | imfene |
| | | umfana | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Umama unemfaduko. Imfaduko yakhe uyinike umfana. Umfana usula itafula ngemfaduko. Ubaba ubone imfene. Ubaba ubone imfene eyosika imfe emfuleni. Lomfula abasika kuwona imfe unamanzi abanda kakhulu. Umfana uyathanda ukubhukuda kuwona. |
| | BHALA | 1. Unani umama?<br>**Umama u________.**<br>2. Usikani ubaba?<br>**Ubaba usika i________.** |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 2


| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi I. |
| | **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: imfene<br>Bhala **umbuzo** ngo: umfula |

## ULWESINE UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **BUKA USHO** | oluhle | kuwe | wakubo | akekho | lolu |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | **PHIMISA UMSINDO** | imbiza | imbila | imbobo | uhambo |
| | | imfaduko | imfe | umfula | imfene |

**FUNDA**



Umama usula imbiza ngemfaduko. Imbiza inembobo. Ivele imbobo ngoba yawa emfuleni ngelinye ilanga. Imbila nemfene ziyahamba. zihamba eduze nomfula onezimfe. Ziphinde zibhukude ziphuze amanzi kulomfula uma ilanga lishisa kakhulu.

## ULWESINE UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi I. |

| | | |
|---|---|---|
| | **BHALA** | 1. Ubani osula imbiza?<br>**________ usula imbiza.**<br>2. Uyisula ngani imbiza?<br>**Usula imbiza nge ________.**<br>3. Imbobo yembiza idalwe yini?<br>**Imbobo yembiza idalwe u_______.**<br>4. Yizini ezihambayo?<br>**Yi_____ ne ________ ezihambayo.**<br>5. Zihamba eduze nani?<br>**Zihamba eduze ne _______.** |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
| | **FUNDA** | Funda wonke bese amagama futhi. |
| | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. umama usula imbiza ngemfaduko<br>2. imbiza inembobo<br>3. imfene ihamba nembila |

| | |
|---|---|
| **ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1** | **IVIKI 4** |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bese | entsha | nge | phezu | zawo | |
| PHIMISA UMSINDO | imbiza | imbila | imbobo | uhambo | | |
| | imfaduko | imfe | umfula | imfene | | |
| FUNDA | Izimbiza zesintu ziyadayiswa. Izimbiza zidayiswa emakethe. Abantu abazidayisayo bazidweba ngemibala emihle. Izimbiza sikha ngazo amanzi emfuleni. Uma sezigugile zivame ukuphuka noma zibe nezimbobo ngoba zakhiwe ngobumba. Ngizithanda kakhulu izimbiza zesintu. | | | | | |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda (buka usho) bese (phimisa umsindo) amagama avela kumsebenzi I |
| FUNDA | Izimfene zihamba eduze nomfula. Zihamba zifunana nemfe. Izimfene ziyayithanda imfe. Imfe imile eduze nomfula. Izimfene ziyawuthanda ubhanana. Izingane ziziphonsela wona uma zihlangana nazo epaki noma zisesiqiwini sezilwane. Nami ngiyayithanda imfe nobhanana. |
| BHALA | Bhala **umusho** ngo: umfula<br>Bhala **umbuzo** ngo: ngempela |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 1

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | bese | entsha | ngempel | phezu | zawo |
| PHIMISA UMSINDO | impilo | impempe | impuphu | impi | |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | | impophom | | | |
| | FUNDA | <u>Impilo</u> ibalulekile. <u>Impilo</u> kufanele uyinakekele. <u>Izimpi</u> ziziqeda <u>izimpilo</u> zabantu uma kuliwa. <u>Impempe</u> yami beyidukile. <u>Impempe</u> yami ngiyishaya uma ngibona into eyingozi. Ubaba uyibone ebhakedeni <u>elinempuphu.</u> Ngajabula kakhulu uma ubaba eyithola. | | | |
| | BHALA | 1. Impilo kufanele uyenzeni?<br>**Impilo kufanele u______.**<br>2. Itholwe kuphi impempe yakhe<br>**Impempe yakhe itholakele e______.** | | | |

## ULWESIBILI UMSEBENZI 2

| | | |
|---|---|---|
| | FUNDA | Funda i kanye amagama avela kumsebenzi 1. |
| | BHALA | Bhala **umusho** ngo: impi<br>Bhala **umbuzo** ngo: impophoma |

## ULWESITHATHU UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | BUKA USHO | bese | entsha | ngempela | phezu | zawo |
| | PHIMISA UMSINDO | imvu | imvula | imvana | uvemvane | |
| | | imvunulo | | | | |
| | FUNDA | Sibona <u>imvu.</u> <u>Imvu</u> isaba <u>imvula.</u> <u>Imvu</u> ihamba <u>nemvana</u> yayo. <u>Uvemvane</u> luhamba phezu <u>kwemvu.</u> Ubaba ususa <u>izimvemvana</u> ezihamba phezu <u>kwezimvu</u>. Izimvu azithandi ukuthi izimvemvane zilokhu zihamba phezu kwazo ngoba zizibangela isidina. | | | | |
| | BHALA | 1. Sibona ini?<br>**Sibona i______.**<br>2. Isabani imvu? | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| | | Imvu isaba i________. |

| ULWESITHATHU UMSEBENZI 2 | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda a bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | Bhala amagama bese amagama kwisichazamazwi sakho.<br>Bhala **umusho** ngo: uvemvane<br>Bhala **umbuzo** ngo: imvana |




| ULWESINE UMSEBENZI 1 | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **BUKA USHO** | bese | entsha | ngempela | phezu | zawo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **PHIMISA UMSINDO** | impilo | impempe | impuphu | impi |
| | imvu | imvula | imvana | uvemva |

| | |
|---|---|
| **FUNDA** | <br>Ngibona impempe. Ngibona impempe ebhakedeni lempuphu. impempe yami ibomvu. Imvula ina kakhulu eGoli.<br>Imvu nemvana yayo zihamba eduze nomfula.<br>Uvemvana lunemibala emihle, nalo lundiza ngasemfuleni.<br>Izimvemvana ziyathanda ukundiza ehlobo uma libalele. |

| ULWESINE UMSEBENZI 2 | |
|---|---|
| **FUNDA** | Funda bese amagama avela kumsebenzi 1. |
| **BHALA** | 1. Ngiyibona kuphi impempe?<br>**Impempe ngiyibona e________.** |

| | | |
|---|---|---|
| | | 2. Imvula ina kakhulu kuphi?<br>**Imvula ina kakhulu e________.** |

| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 1** | | |
|---|---|---|
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **FUNDA** | Funda indatshana esivela kumsembenzi 1 wangoLwesine. |
| **ULWESIHLANU UMSEBENZI 2** | | |
|  | **FUNDA** | Funda wonke  bese  amagama futhi. |
|  | **BHALA** | Bhala imisho encwadini yakho. Lungisa amaphutha.<br>1. Imvula ina kakhulu egoli.<br>2. Uvemvane lunemibala emihle.<br>3. Unompempe unempempe ebomvu. |

| ULIMI LWASEKHAYA ISHIDI LOKUSEBENZELA ISIZULU IBANGA 2 ITHEMU 1 | IVIKI 5 |
|---|---|

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 1

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| BUKA USHO | angive | ngolunye | kwangath | ngabe | kwasho | |
| PHIMISA UMSINDO | impilo | impempe | impuphu | impi | | |
| | imvu | imvula | imvana | uvemvane | | |
| FUNDA | Kukhona abantu abaphila ngokudayisa <u>impuphu</u> futhi <u>izimpilo</u> zabo ziyathuthuka kakhulu. <u>Impuphu</u> ibalulekile ebantwini abaningi, ngoba iyona okuphilwa ngayo kakhulu. Ipapa <u>lempuphu</u> linika <u>impilo</u> nomfutho. Ngipheka ipapa nephalishi <u>lempuphu</u> zonke izinsuku. | | | | | |
| BHALA | Bhala bese amagama kwisichazamazwi sakho. | | | | | |

## UMSOMBULUKO UMSEBENZI 2

| | |
|---|---|
| FUNDA | Funda bese amagama avela kumsebenzi I |
